## *Iziqondiso Zethu Zokuziphatha*

Ngenxa yokuthi siqhelelene—ngamamayela namamayela, ngamasiko ahlukene kanye nezilimi —thina bakwa-Buckman sidinga ukuqondisisa kahle izimiso eziyisisekelo esizosebenza ngazo kulenkampani yethu.  Lezi ezilandelayo

> Ukuthi ikampani iyinhlanganisela yabantu-yilolowo nalowo unekhono nolwazi oluhlukile -konke lokho kudingekile ukwenza ikampani yakwa-Buckman ibe yimpumelelo.
>
> Ukuthi siyakwamukela ukuthi singabantu abahlukahlukene ngokwamakhono, lokho sikutshengisa ngokuphathana ngesizotha nokuhloniphana-sizama ukugcina ukuxhumana kokubili okuqhubekayo nokuhle  phakathi kwethu.
>
> Ukuthi siyawaqaphela futhi siyawaklomelisa amagalelo nemisebenzi emihle yozakwethu.
>
> Ukuthi siphokophelela njalo ukuthuthukisa ubuciko bethu bokusebenza ngokubambisana ngoba siyaqaphela ukuthi ukusebenza ngokubambisana kusemqoka ekufezeni izinjongo zethu.
>
> Ukuthi siphokophelela ukufunda sisonke njengenhlangano nangabanye ngabanye ukuze sikwazi ukukhiqiza.
>
> Ukuthi ngasosonke isikhathi sihlelela ikusasa ukuze kube kithina ukuthi sifuna libenjani kunokuba kunokuyekela izehlo zizenzele kithi.
>
> Ukuthi zonke izinqumo esizenzayo sibeka ikampani kuqala nalokho okuyilungele yona yonke, kunokuba sibheke nje ukulungisa isimo sesikhashana esesivelile.
>
> Ukuthi amakhasimende ethu yiwo kuphela ayisizathu sobukhona bethu kwa-Buckman, ukuze sibanike usizo ngendlela efanele, kumele sibanike usizo kanye nemikhiqizo ezobalethela inzuzo engaphezulu neyevile kunentengo abayikhokhile.
>
> Ukuthi sitshengisa ubuciko kukho konke esikwenzayo.
>
> Ukuthi sifanele sisebenzise iziqondiso ezisezingeni eliphezulu ukuhlelemba wonke amabhizinisi esiwenzayo ukuqinisekisa ukuthi siziqhenya njalo ngokuba yingxenye yakwa-Buckman.
>
> Ukuthi sizotshengisa ukuzimisela ekwenzeni imisebenzi yenhlangano jikelele kanye naleyo ebhekene nathi ngqo ukuze sizuze futhi sizigcine singabahloniphekile emphakathini.

Ngabanye ngabanye futhi nanjengenhlangano eyodwa kumelwe siphokophelele ukubambelela kuleziziqondiso ukuze sihlonipheke njengabantu futhi nanjengenhlangano.